# INKULUMO KASODOLOBHA EMAQONDANA NOSOMQULU WOHLELO LWENTUTHUKO EDIDIYELWE (IDP) KANYE NESABELOMALI (BUDGET) SOWEZI-2023/24

Mphathi wohlelo,

Mama uSomlomo, Cllr PX Qwabe

IMeya yeSifunda kanye namaKhansela oMkhandlu waseMajuba, Cllr uMntwana, Ndabuko Zulu;

Abahloniswa, amakhansela aseMadlangeni (mention them by name); Ikhansela leWadi, uNyambose

Amakhosi aseNdlunkulu; ubuholi bendabuko

Abaholi Bezenkolo abakhona;

OKaputeni Bezimboni kanye nosomabhizinisi abakhona;

Ababambe iqhaza ukuletha intuthuko eMadlangeni;

Amaqembu ezePolitiki akhona;

Abasebenzi bonke bakahulumeni abakhona namhlanje ngokuhlukana kwezigaba nezihlaka zabo;

Ngokukhethekile, ngibingelela osingabo namhlanje, abaphathi bethu okungamalungu omphakathi, Ngokuzithoba ngithi Sanibonani nonke!

Kuyangithokozisa ukuma phambi kwenu namhlanje ngethule isabelomali soMkhandlu kaMasipala iMadlangeni kunyaka wezimali wezi-2023/24.

Mphakathi, namhlanje ngilapha ukuzonethulela isabelomali somkhandlu sesibili kule Administration ngaphansi kukahulumeni waseMadlangeni.

NgokoMthethosisekelo waseNingizimu Afrika (SA Constitution) kanye nemithetho elawula oMasipala, i-Municipal Systems Act, ne-Municipal Financial Management Act; bonke omasipala kuzwelonke balindeleke ukuba babe nosomqulu wohlelo lwentuthuko edidiyele (i-IDP) kanye nesabelomali abasebenza ngaso ukuze bafezekise izidingonqqangi zomphakathi.

UMasipala wethu eMadlangeni nawo ulandela le mithetho elawula omasipala, yingakho sihlanganise wonke amawadi angaphansi kukamasipala ukuze sazise bonke abahlali ngezinhlelo umasipala azihlelele unyaka wezimali ka-2023/24 kanye nesabelomali esizosetshenziswa ukufezekisa lezi zidingo-ngqangi.

Lesi yisigaba sokugcina sokwazisa umphakathi izinhlelo kanye nesabelomali ngaphambi kokuthi kugunyazwe ngokusemthethweni osomqulu abazosetshenziswa kunyaka wezimali esiya kuwo wezi-2023/24.

Njengoba kulokhu kuqalile izinhlelo eziningi lapho sizobhekela khona umphakathi, kuleli sonto eledlule siqalile sahlangana nemikhakha ehlukahlukane okufakwa kuyo umkhakha wezamabhizinisi, amasonto, naBadayisi Basemgwaqeni, zonke lezi zinhlaka sizozethulela isabelomali somkhandlu futhi siphinde sibonisane ukuthi singasebenzisana kanjani nazo.

## ISIMO ESIBHEKENE NASO EMADLANGENI

Kusukela ngoNtulikazi wonyaka ka 2016 amawadi aseMadlangeni akhulile asuka kwamane aya kwayisithupha. Lokhu kuqinisekiswe yiBhodi elibhekele ukuklanywa komhlaba, i- Municipal Demarcation Board.

Inani labantu abakhona endaweni yakithi, bayizinkulungwane ezingamashumi amathathu nane, amakhulu amane, namashumi amane nambili (R34 442). Lezi zibalo zithathelwe ohlelweni lokubalwa kwabantu olwenzeka ngonyaka we-2011 (Stats SA). Kubuye kwenziwa inhlolovo maqondana nezemfundo endaweni yakithi. Nokuveza ukuthi inani labantu abafinyelele emazingeni ezemfundo aphakeme lincane kakhulu ngoba lingu-3% kanti inani labantu abagcine emazingeni aphansi okufunda yilo eliphezulu ngoba lingu-42%).

Maqondana nezoMnotho nokuqasheka kwabantu, izibalo zikhombisa ukuthi izinga labantu abaphelelwe ugqozi lokufuna umsebenzi lingu-11%; kanti abangazimbadakanyi nje kwezomnotho izinga labo lingu-43%. Lesi simo siveza ukuthi umphakathi waseMadlangeni ungumphakathi othembele kakhulu ezibonelelweni zikaHulumeni (grants). Nokungukuthi kuzobaluleka kakhulu ukuthi siwabheke wonke amasu okuthuthukisa amakhono no somabhizinisi ukuze abantu baphile bengalindeli ukuphila nge grant kaHulumeni.

Mphathi wohlelo, SinguMkhandlu waseMadlangeni, sihlangabezane nezingqinamba eziningana kodwa noma kunjalo kuningi esizishaya isifuba ngakho kulo nyaka wezimali esikuwona.

**REPORT ON PROGRESS FOR 22/23 FINACIAL YEAR**

Ngiyafisa ukusho ukuthi uMkhandu unobudlelwano obuhle kakhulu ne-Department of Minerals Resources and Energy ngohlelo lwama-**Solar Panel Systems** ngenhloso yokulekelela umphakathi ongakawutholi ugesi. Kulolu hlelo kuhlonzwe ukufakwa kwama-solar panel systems afinyelela ku-1800 kuwo wonke amaWadi aseMadlangeni. Sikhuluma nje asefakiwe awu- 1137. Kule Wadi nje angu 295 ahlonziwe (allocation) kanti asengu 267 asefakiwe. Umklamo uyaqhubeka ukuze kuphothulwe nokufakelwa kwalawa amanye asele.

Uma ke sibheka ngaphansi kohlelo luka INEP (**Integrated National Elecrtification Pogramme)** kulonyaka mali 2022/23 sikwazile ukufaka ugesi emakhaya awu-181. Sikhuluma nje, sewuyakhanya ugesi kula makhaya. Laphana nje eWaaihoek, kuyintokozo ukubika namhlanje ukuthi sikhanyise imizi ewu 77 emphakathini, ngaphansi kwaloluhlelo olumaqondana nogesi.

Futhi kuyintokozo ukusho ukuthi uMkhandlu wethu ulikhuphulile izinga lokusebenza kwaloluhlelo. Sisuke kwisabelo sika R8 Million, saya ku R16 Million kuwo lonyaka esiwuphothulayo, nokwenze ukuthi **uMkhandlu wethu uhlonzwe kwi TOP 3 esifundazweni sakwaZulu-Natali,** ngenxa yokuzimisela kwethu kulolu hlelo. Kulo lolu hlelo uMkhadlu waqedela futhi amaprojects amadala:

**Asephelile akhanyiswa: Jiyane (9), Nhlazadolo (4), Estilenga Phase 1 (8), Wit Umfolozi (160)**

**Aseqediwe kodwa alinde ESKOM Outages: Nzima (134), Kalpoort (15), KwaNtaba (25), Ndwakazane (12), estilenga Phase 2 (8)**

Mphathi wohlelo angiphinde ngethule futhi ubudlelwano bethu obuhle noMnyango wakwa EDTEA esifundazweni nokuthe kulo nyaka esikuwo kwabekwa isamba esingama- **R6,5 Million, Sikhuluma nje i-Balele Game Park iyalungiswa ngoba ingenye yezindawo ezizothuthukisa umnotho emphakathini.**

Ngaphezu kwalokho, singuMkhandlu ngokubambisana noMnyango Wezemidlalo Amaciko kanye Namasiko, sikwazile **ukwakha uMtapo Wolwazi eZimbuthu** ngenhloso yokuthi umphakathi kaWadi 5, ikakhulu izingane zikwazi ukuthola ulwazi kanye nokunye eduze kunokuthi zihambe ibanga elide ziya e-Trehe ukuyofuna ulwazi lwemfundo kumbe ziyokwenza umsebenzi wesikole.

Kuyintokozo ukwazisa umphakathi ukuthi ukwakhiwa kwalo Mtapo Wolwazi **kuvule amathuba omsebenzi ayisithupha (6)** lapho kuqashwe khona nabantu bakulo mphakathi.

SinguMkhandlu sikwazile ukwelekelela abezokuthuthukisa umnotho ukuthi bakwazi ukuhweba ngesikhathi semvalelwandlini, saphinda ngaphansi kohlelo lwe**-EPWP sakwazi ukuqasha abantu abangaphezu kwe-120 asebesebenza.**

Ngesabelomali salonyaka, sikwazile ukuphothula imigwaqo elandelayo edolobhedi laseTrehe ngaphansi kwesikhwama se- MIG:

Ukulungiswa komgwaqo **u-Loop Street** (Isigaba 1) MN14-2020/21) - R3 212 273.35

Ukulungiswa komgwaqo u-**Kerk Street** (Isigaba 2) MN07-2020/21) - R4 149 465.61.

Kanti nokulungiswa kuka- Kerk Street (Isigaba 3) nakho kuyaqhubeka

Kuwona lonyaka wezimali, ngokohlelo lweHhovisi Lami kanye nokusebenzisana nezinhlaka zomkhandlu nomphakathi, sikwazile ukuqhuba izinhlelo zokugunda utshani kanye nokuhlanzwa kwedolobha

Umasipala uthathe isinqumo sokuthi **Ingqalasizinda kagesi ibekwe ngaphansi kohlelo lwezimo eziphuthumayo**. Lokhu kulandela izinkinga esihlangabezene nazo zokulimala kwengqala sizinda kagesi nobekwenza ugesi uhambe amahlandla nezikhathi ezinde phezu kwesimo sakwa Eskom. UMkhandlu ke usukhiphile umyalelo wokuba kuthengwe ikhebula kagesi eyi-ring feed cable engama-500m ukuze kuxazululwe lenkinga yengqalasizinda endala esesibhekene nayo isikhathi eside njengomphakthi waseMadlangeni, nobungahleleliwe kuhlahlo mali luka 2022/23. Kodwa okuphoqile ukuthi ngenxa yesimo ukuthi ubhekelelwe.

Ngokusebenzisana **no-SEDA**, kuphinde kwabhekelelwa osomabhizinisi abancane abakhahlanyezwa yizikhukhula zangonyaka odlule. Labo **somabhizinisi balekelelwe ngesamba esingama- R75 000**.

## <u>IZINJONGO ZETHU ZENTUTHUKO KUNYAKA WEZIMALI KA-2023/24</u>

### UMKLAMO WOKUFAKWA KUKAGESI NGAPHANSI KESIKHWAMA I-NEP, ISAMBA ESINGU: R24 488 000,00

**UMkhandlu waseMadlangeni wathatha isinqumo sokubhekana nenhlekelele kagesi ngokuba kuqhutshwe le miklamo:**

| IGAMA LOMKLAMO | IZIBALO (Connections) |
|---|---|
| Emadlangeni Phase 2 | 39 Connections |

| | |
|---|---|
| Blue Mountain Phase 2 | 76 Connections |
| Luthilunye Phase 1 | 44 Connections |
| Dorothea | 171 Connections |

**NGAPHANSI KWESIKHWAMA SE- MIG ISAMBA R18 249 000 UMASIPALA UHLONZE UKULUNGISA NOMA UKUVUSELELA IMIGWAQO EKUBALWA KUWO, u-**

1. **Scheepers Street (R5 000 000.00)**
2. **Plein Street (R5 249 000.00)**
3. **Kanye nokulungiswa kwenkundla yezemidlalo eWhite City (R8 000 000.00)**

**Ingqala sizinda yemigwaqo yasemakhaya**

Mphathi wohlelo angifisi ukukufihla ukuthi uMkhandlu wethu ubhekene ngqo nesimo esingesihle **semigwaqo yasemakhaya kuwona wonke amawadi.** Enye yezinkinga kule ngqala sizinda ukuthi uMkhandlu wentula imishini yokusebenza ukulungisa imigwaqo yethu. Uma kulungiswa le migwaqo kudingakala okungenani Tipper truck, Excavator, Water tankers, ne lowbed. Lena ke imishini ebesingenayo njengoMkhandlu, nokudinga imali futhi uMkhandlu ongenayo. Kodwa ngiyafisa ukwazisa umphakathi ukuthi asiphumule sikhanda amasu okubhekana ngqo nalesi simo. Sikhuluma nje uMkhandlu uthathe isinqumo sokuthi uthenge eminye yale mishini ngemali ekuyokuthi izuzwe uma kudayiswa imishini emidala eMkhandlwini (Asset disposal). Kulolu hlelo imishini esizokwazi ukuyibhekela I **Tipper truck, Compactor Truck Kanye ne Front end**

**loader.** Akukapheleli kodwa ikho esingakwazi ukukuthola ngenxa yesimo sezimali esingesihle.

Njengoba idolobha lethu lingelinye eliyisizinda sezokuvakasha, kunohlelo uMasipala analo lapho kubekwe eceleni isamba esingama- **R3,5 Million ukuthi kulungiswe kuphinde kuvuselelwe iBalele Game Park**. Lokhu sikwenza ngokubambisana noMnyango Wezokuthuthukiswa Komnotho, Ezokuvakasha nezemvelo (u-EDTEA).

UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi ukwazile ukwelekelela ngokusinika isamba esingama-R R978 000, **ukuze sikwazi ukuqasha abantu abayi- 120 emawadini ahlukene (EPWP).**

Ngaphansi kohlelo olwaziwa ngokuthi i- Cleaning and Greening sikwazile ukuvula amathuba omsebenzi we-EPWP lapho **siqashe khona abantu abangama-87 abazosebenza isikhathi esingunyaka**.

Umkhandlu ngaphansi komnyango **weZokulawulwa Kwezinhlekelele (Disaster Management)** kubekwe eceleni isamba esingama- R80 000 sokuba kufakwe abafana bezulu, phecelezi ama- **lightning conductors**.

Mphathi wohlelo, nakhu okunye okuthokozisayo, UMkhandlu waseMadlangeni ngokubambisana nabe- **Uitkomst Mine**, usugcine ukwazile ukuvumelana ukuthi **k**uzokwakhiwa **isikhungo sezinhlekelele esizosebenza ubusuku nemini (Phecelezi Emergency Services Centre), nesizodla isamba esingama- R 3 Million.**

Mphakathi, ngokoMthetho Wezinhlelo Zomasipala ikakhulu iSigaba 26, kanye neSigaba 20 soMthetho WokuHlelwa Kwezindawo kanye nokulawulwa kokusetshenziswa Komhlaba **(SPLUMA, 2013)** uMkhandlu ulwakhile uHlaka Lokuthuthukiswa Kwezindawo oluchaza ngokwendawo nebekwe yaba seqhulwini oHlelweni lukaMasipala Lwentuthuko

Edidiyelwe (i-IDP). Kumanje uMasipala ubuyekeza uHlaka Lokuthuthukiswa Kwezindawo okulindeleke ukuba luphothulwe ekupheleni kwalo nyaka wezimali esikuwo.

Kulo nyaka wezimali we-2022/23 sisebenze noMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu, nokubalwa kuyo lezi zihlelo:

1. ukwenziwa kube semthethweni izindlu **ezingama-60 zaseKhayalethu** ukuze kuqinisekiswe ukuvikeleka kwendawo yokuhlala.
2. Ukuqokwa kwabakwa- Deltron Projects ukuba benze ucwaningo lwangaphambi kokwakha nocwaningo olunzulu ngokumaqondana nomklamo wokwakhiwa kwezindlu ezingama-**300, e-Balgray**.

Mphakathi waseMadlangeni, Mphathi wohlelo ngivumeleni ngethule nasi isabelomali sonyaka ka 2023/24:

**<u>ISABELOMALI SOWEZI-2023/24</u>**

| | |
|---|---|
| **ISAMBA SESABELOMALI SOKUSEBENZA** | **R 122 755 630,03**<br>**One hundred and twenty two million Seven hundred and Fifty Five thousand Rands** |
| Imali Ezosetshenziselwa imiklamo emikhulu | **R 42 737 000,00**<br>**Forty two million Rands** |
| Isibonelelo Sezokuphathwa Kwezimali | **R3 million Rands** |
| Isibonelelo Sezemitapo Yolwazi | **R 1 950 000.00**<br>**One Million Nine Hundred and Fifty thousand Rands** |
| Isibonelelo Esibhekele Ingqalasizinda kaMasipala Grant (MIG) | **R18 249 000.00** |

| | |
|---|---|
| | **Eighteen Million, two hundred and forty nine thousand Rands** |
| Ukufakwa Kukagesi kuZwelonke Okudidiyele ( INEP) | **R24 488 000.00**<br>**Twenty four million four hundred and eighty eight thousand Rands** |
| **IZINHLELO EZIYISIPESHELI (SPECIAL PROGRAMMES)** | **R465 000.00**<br>**Four hundred and sixty five thousand Rands** |
| Ezokuthuthukiswa Kwabesifazane | **R 40 000.00**<br>**Forty Thousand Rands** |
| Ezokuthuthukiswa Kwabesilisa | **R 40 000.00**<br>**Forty Thousand Rands** |
| Ezabantu Asebebadala | **R40 000.00**<br>**Forty Thousand Rands** |
| Ezokunakekelwa Kwezingane (Umfaniswano Wesikole) | **R40 000.00**<br>**Forty Thousand** |
| Abantu Abakhubazekile | **R40 000.00**<br>**Forty Thousand Rand** |
| Isandulelangculazi neNgculazi (HIV and Aids) | **R55 000.00**<br>**Fifty five thousand Rands** |
| Ezobuciko Namasiko | **R150 000.00**<br>**One hundred and fifty thousand Rands** |
| Ezemidlalo Nokungcebeleka | **R100 000.00**<br>**One hundred thousand Rands** |
| Umfaniswano Wesikole | **R60 000.00**<br>**Sixty thousand Rands** |

| | |
|---|---|
| **Isabelomali seMeya (nokuquka Horse Racing, Informal Traders, Traditional Leaders Support, Old Age Home Support)** | **R1 035 000.00 One million and thirty five thousand rands** |
| Indebe yezemidlalo kaMeya (Mayoral Cup) | **R104 000.00 One hundred and four thousand Rands** |

Ngaphambi kokuba ngihlale phansi angithathe leli thuba ngethule phambi kwenu olunye uhlelo oluseduze kakhulu nenhliziyo yami. Umphakathi uzokhumbula ukuthi indawo yaseMadlangeni ihlaselekile kakhulu phambilini izimo ezimbi zezulu zokwasenza sahamba siphuma singena sithungatha usizo ukuze labo ababethintekile kulezi zimo ngoba singuhulumeni okhathalela abantu. Phakathi kwethu sinabamele uMnyango wakuhlaliswa kwabantu, ne contractor **ezokwakha izindlu zokubonelela abantu ababhalisa kulolu hlelo,** ngivumeleni ke ngethule phakathi kwenu I **contractor UMakhaotse, Narasimulu and Associates**.

Ake ngikusho nalokhu Mphathi wohlelo ukuthi, kulolu hlelo uMkhandlu wethu ubunikezwe **izindlu ezingu 54** – uhlelo lokwakhiwa kwezindlu luzoqala kulpo leli viki laphana eKingsley. Kuthe ngo ba uMkhandlu wethu uyashesha futhi uyazimisela kakhulu ngomsebenzi sithole umbiko kuleli viki eledlule othi uMkhandlu wethu usuphinde wanezezelwa kulo 54 wanikezwa u **150 wezindlu**.

SinguMkhandlu wabantu sisebenzela abantu ngokuzikhandla.

